Printed and Published by:
Federation of South African Trade Unions
125 Gale Street, Durban, Natal 4001.

8th Edition
November — 1980

# FOSATU WORKER NEWS

# PHAMBILI BASEBENZI - UBUNYE BEZINYUNYANA EMBONINI YEZIMOTO

Engqungqutheleni yobunye eyaqoshwa emlandweni eyayise Port Elizabeth ngomhlaka 25/26 October, we Executive Council yezinyunyana ezintathu zika-FOSATU yagxiviza ukubumbana enyunyaneni eyodwa engabandlululi.

Ngalamalunga agcwele, abalelwa ku 10 000 kulo lonke izwe lenyunyana entsha izocishe ibe sekhanda kuzo zonke izimboni zezimoto, nezinsimbi zezimoto, nezerabha.
Ingqungquthela yobunye yayihanjelwe ama Executive Council e-NUMARWOSA, UAW ne WPMAWU kanye namalunga ekomidi aqhamuka emagatsheni ehlukene.
Lengqungquthela yenzeka nje ilandela umshikashika omude wokudala ubumbano. Ekuqaleni kuka October kwanqotshwa inkinga eyayikhungile, lapho isicelo se-NUMARWOSA sokuthi inyunyana ivuleleke kunoma iziphi izinhlanga saphumelela. Loku kwaba yimpumelelo eyalandela ezinye izinyunyana eziyisithupha zika-FOSATU. Umsebenzi wokuhlanganisa lezinyunyana ezinkulu kangaka, akuyona into enokwenzeka nsuku zonke. Ingqungquthela kwakungeyokutha izinqumo zokuqinisa lolubumbano, kwanqunywa nokuthi lama Executive amathathu asungule i-Executive Council yokweluleka okuyiyona ezoqinisa ukuhlanganisa izinto nezindlela zokusebenza. Umsebenzi wabo kuzoba ukuxhumanisa amalunga, ukulungiselela ukhetho eNyunyaneni entsha, ukuxoxa ngoguquko olungase lubekhona emthethweni sisekelo, ukuxoxa ngegama lenyunyana elisha libuye lisebenze njengekomidi lokweluleka i-Executive ye-NUMARWOSA.
Ukwenza lolubumbano luhambe kahle nakalula, kuyosetshenziswa umthethosisekelo kanye nokurejistwa kwe-NUMARWOSA.
Izinyathelo zokufanisa yonke into ziyaqhubeka impela. Ngomhlaka 9 November amalunga e-UAW ayoba ngaphansi kwe-NUMARWOSA kuthi mhlaka 1 January kulandele awe-WPMAWU. Okuzosilela kuyoba ukwamukelwa koMthethosisekelo, igama elisha, nokhetho ebese kuphela yonke into.
Lolubumbano luhlabe umxhwele kubasebenzi base S.A nabaphesheya imbala abaxhunywa ngesandla se-Metal Workers Federation (IMF) okuyiyona eyaba nesandla esibanzi ekuxhaseni lezinyunyana.
I-FOSATU yamukela lesinyathelo njengesikhulu esigcwalisa umgomo wokungabandlululi, wezinyunyana ezinguzwelonke. I-FOSATU ayikholelwa ezinyunyaneni ezincane zezimboni. Sikholwa ukwakha izinyunyana ezisembonini ezinkulu futhi ezingaphansi kwe-Federation enomdlandla. Lesinyathelo esikhulu kangaka sikhombisa intuthuko yangomuso.

UNITED AUTOMOBILE WORKERS
started 1973
unregistered
4000 members

NON RACIAL NATIONAL UNITY



NATIONAL UNION OF MOTOR ASSEMBLY AND RUBBER WORKERS
started 1967
registered
6700 members

WESTERN PROVINCE MOTOR ASSEMBLY WORKERS UNION
started 1961
registered
1300 members

12 000 and more



Amanxusa Enkomba Yobumbano Lwezinyunyana Zezimoto

## KUVULWA IGATSHA LASE RICHARDS BAY

Ngomhlaka 25 October, kwahlangana abasebenzi abangu 350 begatsha le Metal & Allied Workers elise Richards Bay. Lomhlangano wawuhanjelwe nayizethameli zika FOSATU zase Natal nase Transvaal.

I-MAWU isinikwe ne-Stop Order enkampanini enkulu e-Alusaf, ukuvulwa kwegatsha kube yimpumelelo emangalisayo. Ngaphandle kweMAWU zikhona nezinye izinyunyana zika FOSATU ezigqugquzela e-Richards Bay / Empangeni. Lomhlangano wathathwa njengokukhula kwe FOSATU yonke. Sekuqalwe nehovisi elisha. Kodwa-ke, njengoba kwabeka u-John Makhathini onguNobhala wegatsha lase Natal "ukuvulwa kwegatsha le-MAWU kuyisitebhisi sokuqala".



Ingxenye yombuthano wabasebenzi e-Richards Bay

